

UTHANDO

 Ningahlala phansi. Kuyinhlanhla ngempela ukuba lapha kulobubusuku, inhlanhla enkulu ukuba lapha ukukhonza iNkosi uJesu. Siyaxolisa ukuthi asinayo indawo eyanele, sazi ukuthi ufanele ume futhi kukwenza ukhathale, nehholo... futhi ngibuze ukuthi ngabe ibikhona yini indawo enkudlwana ebesifanele siyithole, futhi angicabangi ukuthi ikhona ngesikhathi.

² Kodwa sizozama ukwenza imilayezo yethu ibe mfishane nje ngakho konke esingakwenza, futhi bekezelani, sibekezeleleni isikhashana nje. Futhi manje, khumbulani izinkonzo kusasa kusihlwa, bese kuthi-ke ngeSonto ntambama, nangeSonto kusihlwa, futhi.

³ Manje, kulobubusuku, uma kuba yintando yeNkosi, ngifisa ukufunda ingxenye yomBhalo. Bese kuthi-ke ningikhulekele njengoba ngikhuluma kulobubusuku. Ngishe izwi selokhu ngibe phezulu lapha. Hhayi umkhuhlane omubi kodwa nje iphimbo eliklinyekile.

⁴ Ake ngigudluze lento izungeze okunye...?... ukushintshaniswa kwaleyonto. [UMfowethu Branham ulungisa imayikrofoni—Umhl.] Kulungile. Ngicabanga ukuthi lokho kuzoba ngcono kancane nje.

⁵ Manje ekufundeni kulobubusuku, asibuyele emBhalweni ojwayeleke kakhulu ojwayeleke kubo bonke, omunye otholakala eBhayibhelini elidala elibusisiwe. Futhi ngikholwa lonke iZwi iBhayibheli elishoyo liyiqiniso, futhi ngiyazi ukuthi onke amaKristu enza okufanayo. Futhi lokhu kungukufunda okwejwayelekile kakhulu, uJohane 3:16:

Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.

⁶ Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

⁷ O Nkulunkulu oBusisiwe noPhakade Owabuyisa futhi iNkosi uJesu kwabafuleyo, futhi manje Wethulwe kithi emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, nokho uyaphila, futhi nje wenele emandleni aKhe naseBukhoneni baKhe njengoba Wayenjalo eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule ngenkathi Ehamba eGalile. Futhi siyaKubonga, Baba wethu, ngoba Wena wenze lokhu kithi.

⁸ Futhi kulolu olumnyama, usuku olubi esiphila kulo, lapho kunokuningi kakhulu ukudideka kuzo zonke izandla

phakathi kwezwe, nasezizweni, kwezombusazwe, nayo yonke imikhakha yempilo, ngisho nasekuhambeni komKristu, nokho kunokudideka.

⁹ Kodwa sijabula kakhulu ukwazi ukuthi uJesu usaphila, futhi njengoba umBhalo ushilo ngaYe, “Onguye izolo, namuhla, naphakade.” Futhi lapho sibona ukuphela kusondela ngokushesha nezibonakaliso zokuFika kwaKhe okuseduze, izinhliziyu zethu zigxuma ngenjabulo lapho siphumula phezu kwesithembiso esibusisiweyo ukuthi Usenguye, ukuthi Uyasithanda, futhi WaZinikela ngenxa yethu.

¹⁰ Sizocela Wena kulobubusuku, Nkulunkulu, ukuba ube nomusa kithi futhi usithethelele izono zethu neziphambeko, siphe ngokuchichimayo ngokwedlulele kulobubusuku, ngokuba izinhliziyu zethu ezikhandlekile ziyakudinga ngalezizinsuku. Busisa wonke umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu, futhi uphulukise wonke umuntu ogulayo ofikile kulobubusuku elindile, futhi siyazi ukuthi Awuyikuxosha noyedwa umuntu olambile enganelisekile, ngokuba leyo yimvelo yaKho, Wena unguNkulunkulu.

¹¹ Busisa iZwi njengoba siLifundile, futhi usinike ingqikithi yaleliZwi ngalomlayezo wakusihlwa. Ngokuba sikucela, eGameni laLowo Owenele Konke, iNkosi uJesu. Amen.

¹² Ngicabanga ukuthi akukho-mntwana owethamela uSonto sikole izikhathi eziningi ngaphandle kobengacaphuna lendimana encane yomBhalo lapha, encane nje, ingxenye encane yeZwi likaNkulunkulu oPhakade nongunaphakade.

¹³ Futhi akusikho okuningi kakhulu, kodwa akusikho ukufunda, noma, ukuthi sifunda kangakanani, inani lalokho esikufundayo. Akwenzi mehluko noma ngabe kukude kakhulu noma qha, inani lalokho esikufundile. Yilapho esingaphumuza khona ukukholwa kwethu, ngoba KuyiZwi likaNkulunkulu ophilayo.

¹⁴ Futhi manje, esikhathini esithize esedlule, ngikhuluma ngenani lezinto, ngale ngaphesheya komfula eLouisville, eKentucky, ngaphesheya ukusuka lapho engihlala khona, kwakukhona umfana omncane owayephezulu ekamelweni eliphansi kophahla endlini yakubo enesitezi, futhi wayefunisisa kwezinye izinto eziyigugu ezindala nezinto ezazingezomndeneni. Futhi wathola itranks elidala, futhi wamba kulelitranks elidala uku, ngokujabula, ukubona ukuthi yini ayengayithola, futhi wathola isitembu esincane sokuposa esasiphenduke sabaphuzi, sasicishe nje sibe isikwele esinguhhafu we-intshi.

¹⁵ Umfana omncane wasibuka, wayesethi, “Lokho kungahle kubize uzuka, nozuka ubuyongithengela ikhoni ka-ayisikhilimu.” Ngakho ngekhoni ka-ayisikhilimu engqondweni yakhe, waphuthuma wehla ngesitaladi waya kumqoqi wezitembu. Nomqoqi wasibuka, futhi lapho... Wathi,

“Uzonginikani ngalesisitembu sokuposa na?” engalindele ukwemukela ngaphezu kwamasenti amahlanu.

¹⁶ Futhi wathi, emva kokuba umqoqi wezitembu esibhekile, wayazi ukuthi kwakuyisitembu esidala, ngakho wathi, “Ngizokunika idola elilodwa ngaso.” O, umfana omncane wayejabule kakhulu, lokho kwakusho omningi u-ayisikhilimu, ngakho wathengisa isitembu ngedola elilodwa.

¹⁷ Futhi cishe emavikini ayisithupha kamuva, umqoqi wezitembu wasithengisa ngamadola angamashumi amahlanu, ngesinye isikhathi kamuva sathengiswa ngamadola angamakhulu amahlanu, futhi manje basho ukuthi sibiza ikota yesigidi samadola.

¹⁸ Manje, siyazi ukuthi isiqephu esincane sephepha esinguhhafu we-intshi besingekufanele ngisho ukucoshwa esitaladini, kodwa kwakungesilo inani lephepha, yinani elibekwe kulokho okusephepheni. Futhi kungaleyondlela ngeZwi likaNkulunkulu, akusilo nje iphepha eLilotshwe kulo, kodwa yi...inani laLo yingoba LiyiZwi likaNkulunkulu oPhakade. NoJesu wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka.”

¹⁹ Ngakho-ke uJohane 3:16, kulobubusuku, nakuba emncane engxenyeni yakhe, ubambe inani elenele ukusindisa izwe, linenani elenele kulo ukuphulukisa wonke umuntu ogulayo osemhlabeni namhlanje, kungukuxolelwa kwaso sonke isoni, kuyintokozo kuwo wonke umuntu okhandlekile, yithemba longenathemba, nguKudla kongcwele, kungukuphulukiswa kwabagulayo, kungukuxolelwa kwalabo abakhathazekile, kuyi, zonke lezizinto kuwe uma ukwemukela kanjalo.

²⁰ Esikhathini esithile esedlule kwakukhona udaba, ngikholwa ukuthi kwakusezinsukwini zika-Abraham Lincoln ukuthi indoda yayenze icala, futhi yatholakala inecala, nesijeziro salokhu kwakungukufa ngeqembu labadubuli. Nomunye umngane olungileyo waphuma wathi nyelele wayeseya phambi kukamongameli ngamadolo akhe wayesenxusa ukuxolelwa kwalendoda. NoMnu. Lincoln, hhayi ehhovisi lakhe, wenza isinqumo sakhe ukuthi uzoyixolela indoda, ngakho wavele wakubhala esiqeshini esincane sephepha, “Ngiyamxolela uS'bani-bani. Abraham Lincoln, umongameli we-United States.”

²¹ Wakhothama wase ebonga indoda, wase-ke ephuthuma ngokushesha endodeni esetilongweni, futhi wathi, “Mngane wami, nginokuxolelwa kwakho!”

Wathi, “Ake ngikubone.” Futhi wethula lesisiqephu esincane sephepha.

²² Nesigebengu sathi, “O, akwenele. Uma bekungukuxolelwa kwangempela, bekuyobhalwa esiqeshini esikhulukazi sephepha, bekuzosho ukuthi kungani ngixolelwe, ngakho udlala ngami

nje.” Futhi yayingenakuncengwa ukuba ithathe ukuxolelwa kwayo, futhi ngokusa okulandelayo indoda yafa ngeqembu labadubuli.

²³ Futhi khona-ke qaphelani, kukhona incwadi esayiniwe ngumongameli wase-United States eyathi, “Lomuntu uxolelwe,” futhi kwalotshwa ngosuku ngaphambi kokubulawa kwayo. Khona-ke kwathethwa icala ezinkantolo zenhlangotho yamazwe, futhi nasi isinqumo senkantolo yenhlangotho yamazwe: Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa, ngaphandle uma kwemukelwa njengokuxolelwa.

²⁴ Futhi yileyo ndlela iZwi likaNkulunkulu eliyiyo, LingokuXolelwa kulabo abazoLemukela njengokuXolelwa, Kungukuphulukiswa kulabo abazoKwemukela njengokuXolelwa okuphulukisayo. Futhi sonke isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu siyiqiniso uma semukelwa esimweni somqondo esifanele ngakuso.

²⁵ Ngisho lokhu kulobubusuku, njengomfundisi weVangeli, futhi ngikubonile kuzanywa: Ngibe nenhlalane yokushumayela emhlabeni jikelele naphambi kwamashumi ezinkulungwane zabantu, futhi sonke isithembiso sobuNkulunkulu eBhayibhelini siyiqiniso, futhi uma uzothatha isimo sengqondo esifanele ngakunoma yisiphi sezithembiso zikaNkulunkulu zobuNkulunkulu sizokufezekisa, uma ungathatha isimo sengqondo esifanele.

²⁶ Futhi ekufundweni kwethu komBhalo kulobubusuku kuthe, “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka.” Uma kukhona noma yini izwe eliyifelayo namhlanje, wuthando. Ekuhambeni kwami ngithola ukuthi lelo yitshe elinqatshiwe elivimbela isakhiwo ekuhlenganeni ndawonye, lapho i-Assemblies, neChurch of God, namaBaptisti, namaMethodisti onke azoxhawulana futhi abe ngabazalwane, ukuba nje babenothando omunye komunye.

²⁷ Leso yisidingo esikhulu izwe elisifelayo, noNkulunkulu uluthando. Manje, niyathola ebandleni ukuthi okwavimbela ibandla bekungumqondo ongesiwo owothando. Manje, *uthando*, kunezinhlangotho ezimbili ezechukene zothando lolo wuthando lwangempela, olunye lwalo egameni lesiGriki lubizwa nge-*Agapao*, lolo wuthando lukaNkulunkulu; bese kuthi-ke uthando oluphendukezelwe kulolo wuthando *iphileo*, okusho ukuthi, “uthando lomuntu.”

²⁸ *Iphileo* ivela egameni *inhlanganyelo*. Uthando iphileo yilokho onakho ngomkakho. Nendoda ingahle iqomisane naye noma imthuke futhi ubuyodubula ubuchopho bayo ngakho, luyokwenza lokho-ke uthando iphileo, luphelezela umona, nezinye izinto eziningi zihambisana nalo, kodwa uthando i-Agapao lungakwenza ukhulekele umphefumulo wayo onesono; yilowo umehluko phakathi kothando olubili. Uthando lukaNkulunkulu lungukuqala kothando, ngumthombo

wothando. Nebandla namhlanje lisilele kulokho, lolothando lwangempela lwe-Agapao olukwenza ube nothando ngesitha sakho.

²⁹ O, ukuba kuphela besinalolohlobo lothando bekuyobakhona invuselelo eshanela lesisizwe isuka ogwini iya ogwini, futhi isuka enyakatho iye eningizimu. Nesizathu sokuthi singenalo lolothando. . . Leso yisizathu esikhulu sokuba ibandla lingaqhubeki njengoba lifanele.

³⁰ Asiyidingi isayense yezenkolo, sidinga kuphela uthando lwangempela lokuhamba nesayense yezenkolo esivele siyazi. Sonke siphikisana kakhulu ukuthi ngabe sifanele sibhaphathizwe sibheke emuva, noma sibheke phambili, noma yini njalonzalo, kodwa lokho akwenzi mehluko ukuthi ubhaphathizwa kanjani, noma ungowaliphi ibandla, noma yibuphi ubufakazi obubonakalayo onabo ukuthi ungumKristu, uma ungenalo uthando, awunaye uNkulunkulu. Sidinga uthando.

³¹ “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa.” Manje, lapho uthando luvezwa, futhi lufika ekupheleni kwalo, umusa omkhulu uveza lokho uthando olukuvezile. Ngenkathi uNkulunkulu ethanda izwe kangaka ukuthi uthando lwaKhe lwalusekupheleni kokuhamba kwalo kwase kuthi-ke lolothando lwaveza umusa omkhulu owasinika uMsindisi. Samthola kanjalo-ke uJesu, yingoba uNkulunkulu walithanda izwe, Into ethize yavezwa ngenxa yothando lwaKhe, noJesu uMsindisi wavezwa.

³² Enkulu, indaba endala ukuthi thina kanjalo, siyikhohlwa kalula: Le ngale eSwitzerland eminyakeni eminingi edlule, futhi abanye benu besilisa nabesifazane abasondele eminyakeni yami ningakhumbula nikufunda ezincwadini zenu, iSwitzerland yayiyiqembu elincane labantu ababenyukele ezintabeni bevela eJalimane. Futhi babenomnotho omncane, babengesibo abantu abalwayo, babengabantu abanokuthula. Futhi khona manjalo kwafika impi emelene nabo. NamaSwiss athola amasikela awo amadala, nezinduku, amadwala, nalokho ayengakuthola, futhi ehla ephuma ezintabeni ukuyohlangabezana nesitha emathafeni.

³³ Futhi nakho ayemi lapho, onke evinjezelwe, iqembu elincane nje labantu, nenkulu, impi emashayo iza njengobonda lwezitini, ayengenalo ithuba. Kodwa kwakukhona oyedwa, iqhawe phakathi kwabo ogama lingu-Arnold von Winkelried. Futhi wayange umkakhe nezingane zakhe ebavalelisa amahora ambalwa ngaphambi kokuba aye empini, wayelithanda ikhaya lakhe, wayesithanda isizwe sakhe, ngakho-ke uthando lwakhe lwamphoqa ukuba enze okuthize ngakho. Futhi wathi, “Madoda aseSwitzerland, namuhla ngizonikela ngempilo yami ngenxa yeSwitzerland.”

Bathi, “Uzokwenzenjani, Arnold von Winkelried.”

Wathi, “Ngilandeleni nje futhi nilwe ngalokho eninakho.”

³⁴ Futhi waphakamisa izingalo zakhe futhi wabheka ngasekujuleni kwemikhonto lapho bemasha beqhubeka njengodonga olulodwa olukhulukazi, futhi wathola ukujula okwedlula konke kwemikhonto, futhi wamemeza kakhulu, “Yenzani indlela yenkululeko!” Wayeseqala ukugijima nezandla zakhe zisemoyeni, wayesememeza futhi, “Yenzani indlela yenkululeko!”

³⁵ Ngaphambi kokuba ashiye impilo yakhe, wathi, “Ngaphesheya kwentaba ngaleya, ngelincane, ikhaya elimhlophe, nabantwana ababili abancane, nonkosikazi onomoya omuhle engingasophinde ngimbone, ngibanakekele. Kodwa ngizonikela ngempilo yami ukubavikela.”

³⁶ Uthando lukwenza wenze izinto, futhi lapho ibandla lithola uthando lwangempela lukaNkulunkulu enhliziyweni yabo, bazokwenza izinto, ngeke babe namahloni. O, uKristu akafuni ukuba ni...akusikho kakhulu ukwethembeka, Akafuni ukusekela kwenu, Ufuna inhlanganyelo yenu. Yilokho uNkulunkulu akufunayo ngukuba nenhlanganyelo nawe.

³⁷ Futhi njengoba lo-Arnold von Winkelried waphuthuma ngasemigqeni, wadumela imikhonto egcwele ingalo wayeseyiphonsa enhliziyweni yakhe lapho ewela phezu kwayo futhi waziphonsa ekufeni. Kwakuyisenzo sobuqhawe ngempela saze saxosha isitha, nalabo ababemlandela, bememeza bephethe amasikela ezandleni zabo, namadwala, namatshe, nezinduku, kodwa bashaya isitha basikhipha ezweni. NeSwitzerland ayikaze ibe nempi kusukela ngalolosuku kuze kube yilolu.

³⁸ Lobo buqhawe akuvamisile ukuba buqhathaniswe futhi abukaze beqiwe, kodwa, o, lokho kwakuyinto encane ngoluny’usuku ngenkathi isizwe sika-Adamu esiwile sasivinjezelwe ekhoneni, babethumele abaprofethi nemithetho, futhi babebanqabile, nodeveli, isono, nokugula, kwakuvimbezele uhlanga luka-Adamu ekhoneni, futhi kwakukhona Oyedwa owaphuma eZulwini, wathi, “Ngizoya emhlabeni.” Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, uthando lwaKhe lwaMphoqelela ukuba enze okuthize, kwaveza uMsindisi Owafika emhlabeni futhi wathola imikhonto ewugqinsi kunayo yonke, okwakungukufa, futhi Waziphonsa ngqo kukho. Futhi ngosuku Enyukela ngalo phezulu, futhi Wathumela emuva uMoya oNgcwele futhi wathi eBandleni laKhe, “Thathani Lokhu futhi nilwe ngokwedlula konke eningakwenza.”

³⁹ Yilapho ibandla likugeja khona namhlanje. Uthando lukaNkulunkulu oluchithwe ndawo zonke ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele, nabantu besaba ukuluthatha, ubungaqoka ukuthatha isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu futhi uzame

ukulwa, uzohlulwa, uthathe lokho uMholi wethu akunikezayo; iNkosi uNkulunkulu izopha ukuqinisa. “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa.” O, ngiqaphelile ukuthi . . .

⁴⁰ Abaningi benu uyifundile incwadi yangalesosikhathi enhla ePortland, e-Oregon ngenkathi uhlanga lugijimela emsamo. Nokho, asiphethe nje emgqeni oqondene nomuntu siqu omncane. Uhlanga lwagijimela emsamo ngalobobusuku phambi kwabantu abangamakhulu angamashumi ayisithupha-nanhlano futhi lwaluzongibulala. Esikhulukazi, isiqhwaga esiyisidlakela, sasisinda cishe amaphawondi angamakhulu amabili namashumi amahlanu, noma mhlawumbe ngaphezulu, lwama cishe amafidi ayisikhombisa, uhlanga luphuma esikhungweni sezinhlanga. Futhi ngangikhuluma ngokukholwa. Ngangisinda amaphawondi ayikhulu namashumi amabili-nesishiyagalombili. Futhi ngabona cishe abashumayeli abangamakhulu amathathu begijima besuka emsamo ngoba babelwazi; lwalubazonda abashumayeli. Nomthetho wawulufuna.

⁴¹ Futhi lapho luphuthuma emsamo, ngangingalwazi, futhi lwadazuluka kakhulu, futhi lwahlanganisa amazinyo alo, futhi lihlale amehlo alo, futhi lwaqala ukuhamba luza ngakimi, lwase luthi, “Wena mzenzisi! Wena nyoka otshanini!” Lwathi, “Phezu kwalomsamo, uzibeka wena uqobo njengenceku kaNkulunkulu, awulutho kodwa umzenzisi!”

⁴² Wonke umuntu wathula du. Cishe ngalesosikhathi, amaphoyisa amancane amabili engangiwaholele kuKristu emuva ekamelweni lokugqokela agijimela ukuyolubamba, kodwa ngawaqhweba, ngathi, “Lokhu akusilo udaba lwenyama negazi.”

⁴³ Kodwa into exakile yayingukuthi, ukuthi ngenkathi indoda yenyukela lapho, ngangingesabi. Manje, uthando oluphelele luxosha ukwesaba, futhi yingalesosizathu abantu bengeke bathathe uNkulunkulu eZwini laKhe ukuba baphulukiswe, abaMthandi kahle ngokwenele, ngoba uyesaba ukuthi Angeke aligcine iZwi laKhe. Yingalesosizathu abantu besaba omunye umuntu uzosho into ethize emelene nabo uma bemukela uMoya oNgcwele, besaba ukuthi omunye uzohleka futhi ahlekise. Kodwa lapho uthando lungena . . .

⁴⁴ Yini eyenza uMose ashiye iGibhithe na? Isihlalo sobukhosi sasisezinyaweni zakhe, kodwa wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunayo yonke ingcebo yaseGibhithe. Ngani na? Hhayi ukuthi, “Manje, ngizokwenzela kube ngcono,” kodwa ukuthatha indawo nabantu bakhe. Lowo kwakunguMoya kaKristu owamenza wathatha indawo yakhe nabantu.

⁴⁵ Yilokho okwenza uKristu athathe indawo yaKhe nabantu, yilokho okwenza umKristu namhlanje aphume futhi athathe ukuma kwakhe noKristu, aphile noma afe. Inhlanganyelo, thandanani. Futhi niyamthanda uNkulunkulu, futhi anikwesabi lokho izwe elizokusho noma likwenze.

⁴⁶ Ngenkathi loluhlanya luhlehlisa izingalo zalo ezinkulu, *nenye into ethize* yenzeka. O, he, ngifisa sengathi bengingaphila ngaleyondlela ngaso sonke isikhathi! Futhi lwaphuthuma ngakimi, futhi lwaphosa emuva ezalo ezinkulu, izingalo ezinamandla.

⁴⁷ Manje, kungcono ungadlali nje, kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani. Futhi ngezinyanga bathakathi e-Afrika, indoda elapha ngamakhambi eNdiya, bazokuphosela inselelo, kodwa uma uMthanda ngempela, ungesabi, Wathi, “Ngizoba nawe.” Angikaze ngikubone kwehluleka, futhi ngeke kwehluleke.

⁴⁸ Ngakho indoda yasondela ngempela kimi, nabantu bavele bathula, futhi yahllehla, yathi...yakhokha futhi yangikhafulela ebusweni bonke, futhi yathi, “Wena nyoka otshanini, ngizokuhombisa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu engakanani. Ngizokushaya ngikulahle phansi kakhulu maphakathi nalezozethameli.” Yayikwazi kahle ukugcina ukusongela kwayo.

⁴⁹ Kodwa yayingamazi uNkulunkulu, leyo kwakuyinto esemqoka. Ngathula du, angizange ngisho lutho, nenhliziyo yami yayibuhlungu ngenxa yayo. Manje, ungeke nje wakucabanga lokho, kufanele kube yikho ngempela. Abantu babone uthando oluningi kakhulu lokuzenzisa, baze bakhathala badinwa yilo. Yiba yilokho oyikho, uma ungumKristu, yiba nguye, umusa kaNkulunkulu uzokwenza ube nguye.

⁵⁰ Nendoda yahamba yasondela kimi, futhi ngayithanda, ngenxa yokuthi ngangazi ukuthi yayingakuqondile lokho. Ngacabanga, “Ngudeveli owenza leyondoda isho lokho. Iyindoda ebiyothanda umndeni wayo, njengoba ngithanda owami. Ibiyothanda ukudla, nokuphuza, nokuhlanganyela, kodwa into yakho ingukuthi, yingoba udeveli uyingenile. Iyisidalwa esingumuntu ngokufanayo njengoba nginjalo,” lolohlobo lwemicabango. Futhi ungeke wakwenza lokho, ngaphandle uma uNkulunkulu ekwenzela khona.

⁵¹ Futhi laphe isondela kimi, yahosha izingalo zayo, yayisithi, “Ngizokushaya nje ngikukhiphele phakathi kulezozethameli futhi ngiphule onke amathambo kulowo omdadlana, umzimba wakho ontekenteke.”

⁵² Angizange ngivule umlomo wami futhi ngisho izwi. Kodwa khona-ke khona manjalo, iNto ethize iqala ukukhuluma, noMoya oNgcwele uqala ukukhuluma, wase uthi, “Ngoba

uphosele inselelo uMoya kaNkulunkulu, kulobubusuku uzowela ezinyaweni zami.”

53 Kwakukhona izinsongo zombili, iziprofetho zombili:

Yathi, “Ngizokushaya ngikukhiphele phakathi kwezethameli.”

UMoya kaNkulunkulu wathi, “Uzowela ezinyaweni zami.”

54 Yathi, “Ngizokukhombisa ukuthi izinyawo zikabani engizowela phezu kwazo.” Yayisihosha ingalo yayo ukuba ingishaye, futhi noma kunjalo kwakungekho kwesaba.

55 Ngangingekho lapho ngoba ngangifuna ukubonwa, ngangilapho nomyalo ovela kuNkulunkulu uya kubantu. Futhi ngenkathi iqala ukushaya, iNto ethize yabonakala, Yathi, “Sathane, iyeke indoda!” Futhi ngenkathi kwenza, amehlo ayo amakhulu abonakala evuleka kakhulu, amazinyo ayo ahlengana ndawonye, futhi yaphenduka, futhi yawela ezinyaweni zami, kwaze kwathi iphoyisa ladingeka lize futhi liyigingqe liyisuse.

56 Kwakuyini na? Uthando. Uthando luzonqoba isitha esinamandla kunazo zonke esikhona ebusweni bomhlaba. Wuthando.

57 Ingaphakathi elincane nje manje loku*Phila*. Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangiseMexico ngonyaka odlule, kwakukhona ingane encane ngalokho kusa abayiletha emhlanganweni, futhi yayife ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa.

58 Babemi ngamashumi ezinkulungwane. Izinkulungwane ezingamashumi amabili zeza kuKristu ngalobobusuku, izinkulungwane ezingamashumi amabili. Ngathi, “Angilifuni iKatolika, noma ama-Evangelical, ngifuna abantu abangakaze bemukele uKristu nhlobo.” Futhi bamaka izinkulungwane ezingamashumi amabili.

59 Kodwa kwakukhona owesifazane omncane ezansi lapho ememeza nengubo yokulala. UBilly wayenendoda eyayikhiphe amakhadi omkhuleko, futhi babenabangenisi cishe abangamakhulu amabili noma amathathu, nalabo bangenisi abangamakhulu amathathu abakwazanga ukumvimbela lowo wesifazane omncane emgqeni, wayegibela emihlane yabo. O, kwakuyini indaba na? Ingane yakhe yayife ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, futhi kwakungeleshumi, cishe, ngalobobusuku.

60 Emva kokushudulisana okude, inenekazi elincane elingengaphezu kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala, elibukeka lilihle kakhulu, owesifazane omncane, futhi wayelokhu edazuluka, nabangenisi bezama ukumfuqela emuva, wayeya ngaphansi kwemilenze yabo, phezu kwamahlombe abo, kumbe noma yini. Uthando lwakhe ngengane yakhe! Futhi

ngangikuzwa lokho kumemeza kakhulu, “Padre!” *Padre* kusho ukuthi, “baba,” okuyiKatolika.

⁶¹ Futhi lapho ememeza kakhulu, uBilly uza kimi, wayesethi, “Babayi, ufanele wenze okuthile ngalowo wesifazane,” wathi, “akanakhadi lomkhuleko, futhi angeke nje kulunge ukumvumela angene emgqeni ngaphandle kwekhadi lomkhuleko. Abanye bame lapha kusukela kokwangempela... imini kulokhu ukusa ukuba bathole ikhadi lomkhuleko.”

⁶² Futhi ngathi, “Awu, Mfowethu Moore,” uMfowethu Jack Moore waseShreveport, eLouisiana, ngathi, “yehla futhi ubone ukuthi ungayikhulekela yini ingane yakhe, kumbe noma yini engalungile.” Futhi waqala ukuhamba, ngase ngibuka phezu lapha phambi kwami, ngase ngibona ngombono, ingane encane.

⁶³ Ngathi, “Umzuzu nje, Mfowethu Moore.” Niyabo, uthando olukhulu luyoveza umusa kaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Ngathi, “Mhlawumbe kungcono ngiye enganeni.” Ngathi, “Bangenisi, ngiyazi lokhu akulungile, ngokwemithetho yethu bafanele babenekhadi lomkhuleko, kodwa ake inenekazi elincane lize lapha.”

⁶⁴ Futhi ngenkathi lenyuka, lawa phansi, ngathi, “Sukuma.” Angikwazanga ukulenza liqonde. Futhi ngabeka isandla sami phezu kwaleyongubo yokulala, angikaze ngisho ngiyibone ingane. Ngase ngithi, “Nkosi Nkulunkulu...” Lalimanzi te, lalikade lina usuku lonke. Babengenandawo yokuhlala phansi, babemile, bencikene nje ngangokubona kwakho kulesosiyingi esikhulu senkunzi.

⁶⁵ Ngase ngithi, “Nkosi Nkulunkulu, angazi ukuthi konke lokhu kumayelana nani, kodwa ngibona encane, ingane yaseSpain embonweni njengamanje.” Futhi ngabeka izandla phezu kwaleyongubo yokulala emanzi, uJehova uNkulunkulu OnguMahluleli wami, yanswininiza yase idazuluka kakhulu, yase iqala ukukhahlela ingubo yokulala eyayidonselwe phezu kwayo.

⁶⁶ Kwakuyini na? Uthando. Umama ngengane yakhe, hhayi ukuba abonwe, kodwa, hhayi umzenzisi, kodwa olwangempela, uthando lwangoqobo lwengane yakhe lwaveza umusa omkhulu kaNkulunkulu uSomandla. Kulula kanjani ukukukholwa!

⁶⁷ Lapha esikhathini esingeside esedlule (Ungangena kwezinye izimo ezinzima kakhulu, njengoba sazi sonke.), bengihlezi egosini ngikhuluma nabahambisana nami lapha, uMfowethu Goad noMfowethu Mercier, futhi besikhuluma ngencane, intombazane eyikhaladi eyayibulale ingane yayo kuthangi, yayi... yayinomntwana oyivezandlebe. Nomntwana, yamsonga ngengubo yokulala yamcinanisa, yangena etekisini futhi yaphumela emfuleni, yamqathaza emfuleni.

⁶⁸ Umshayeli wetekisi wakubika kumlindi wogu. Bakhukhula umfuqulu base bethola ingane encane, ibulewe; kodwa ingane

yayingazange iminze, yayifile ngenxa yokucinana. Nesithombe sayo sasisephepheni. Futhi bengitshela abazalwane bami sihlezi egosini, ngathi, “Uyazi, lowo wesifazane aka... akafanele ngisho abizwe ngowesifazane.” Ngathi, “Inja inokuziphatha okungcono kunalowo wesifazane.”

⁶⁹ Futhi nje ngaleyonkathi sabuka okuqhamuka ezansi ngomgwaqo, nendlu yami ingeyesine emgwaqeni omkhulu, phezulu emzileni, noma, umgwaqo omncane ophahlwe yizihlahla, ningahle nikubize kanjalo lapha. Futhi yiyona ndlu kuphela enothango oluyizungezile. Awu, ngabuka okukhuphukayo, futhi kungena emgwaqeni ongena endlini, futhi nakho kuza i-opozamu endala.

⁷⁰ Manje, nina bantu eVirginia niyazi ukuthi yini ama-opozamu. Ngangingumqaphi wezinyamazane iminyaka eminingi e-Indiana, futhi ngangitadisha impilo yasendle, ingenye yezifundo zami. Futhi noma ubani uyazi ukuthi i-opozamu ayihambi ngesikhathi sasemini, ama-opozamu ahamba ebusuku, bese-ke ekubeka phezulu bese elala emini.

⁷¹ Ngase ngithi, “Buka, Leo, Gene, nakhu kuza i-opozamu.” Futhi ngenkathi ifika phambi kwesango lami, yaphenduka yangena. Futhi ngaqaphela ukuthi yayincike emaceleni *kanje*, ngomlenze owodwa uhuduleka. Futhi ngaxuma futhi ngagijima ngaphumela lapho, futhi kwakukhona ihhala libekwe egcekeni, ngase ngithatha ihhala ngase ngilibeka phezu kwe-opozamu, ngathi, “Mhlawumbe inamarabi, ngoba yisimo sezulu esishisayo manje,” uJulayi ngikholwa ukuthi kwakuyiso, uJuni noma uJulayi. Ngase ngithi, “Inamarabi mhlawumbe, futhi ngakho-ke kungcono siyiyeke.

⁷² Futhi ngenkathi ngimisa i-opozamu, kwenzeka ngabuka, nomlenze wayo wonke wawudlivizekile lapho imoto yayishayise khona noma izinja zaziwuhlafunile. Futhi wawuvuvukele usayizi ophindwe kabili, futhi angiqondile ukuba, ukunenza nigule, kodwa izimpukane zaziwonakalisile, futhi kwakukhona izimpethu nezimpukane yonke indawo emlenzeni. Ngase ngithi, “O, ilimele izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokhu.” Futhi ngalibamba ihhala kuyo, ngokwejoyelekile zi, lokho enikubiza ngokuthi, “ukudlala i-opozamu,” ilale phansi, kodwa hhayi yona, yayiluma ihhala lasegcekeni.

⁷³ Futhi khona-ke, i-opozamu i—isilwane sesibili, ikhangaru ne-opozamu, yizo zombili kuphela ezinamaphakethe okufaka abantwanyana bazo. Futhi ngaqaphela ngenkathi yehlisa iphakethe layo, kwakukhona abayisishiyagalolunye abancane, umntwana we-opozamu ongenaboya othi akabe mude *kangako*. Futhi babezama ukumnakekela. Ngathi, “Nakhu, bafana: Ingumama.” Ngase ngithi, “Woza lapha, Gene.”

⁷⁴ Futhi cishe ngalesosikhathi uNkk. Woods okungukuthi, noMnu. Wood, okungukuthi ekuqaleni owayenguFakazi

kaJehova, nomfana wabo wayekade ephulukisiwe enemilenze ekhubazekile phansi kwakhe, kakhulu ngangokuthi akazi ngisho nokuthi kwakuyimuphi umlenze, owawufinyekile manje, futhi base babethuthela ngale ngakumakhelwane wami, futhi ungudokotela wezilwane, futhi benyukela lapho ukuba babuke wayesethi, “Awubheke lokho.”

⁷⁵ Ngathi, “Bafana, leyo-opozamu ingumama kakhulu kunalokho lowo wesifazane ayeyikho owaminzisa ingane yakhe.” Ngathi, “Mhlawumbe ayingaphezu kwehora ukuba iphile, kodwa iyavuma ukunikeza lelohora ilwela izingane zayo, ingumama wangempela.”

⁷⁶ Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngiphakamisa ihhala kancanyana, ngase ngi...UNkk. Wood wathi, “Mfowethu Branham, uzokwenzani ngayo.”

Ngathi, “Angazi.”

Wathi, “Awu, kungcono uyibulale, futhi nje uthathe labo abancinyane futhi ubabulale, ngoba banomlomo oyindilinga, abakwazi ukuncela, futhi bazofa bencela kuyo.

Futhi ngathi, “Angikwazi nje ukukwenza.”

Futhi wathi, “Bengicabanga ukuthi ubungumzingeli.”

Ngathi, “Ngingumzingeli, kodwa angisuye umbulali.”

Futhi wathi, “Ngani, awuqondile,” (Manje, wayecabanga ukuthi wayeqinisele, futhi ngokobuntu wayeqinisele.) wathi, “uzobavumela bahlupheke kanjalo na?”

Ngathi, “Angazi ukuthi kungani, Nkk. Wood, kodwa angikwazi nje ukuyibulala.”

Wathi, “Vumela umyeni wami, uBanks, ayibulale.”

Ngathi, “Qhabo, ngeke ngamvumela akwenze.”

Wathi, “Khona-ke uzoyiyeka ilale lapho futhi ife kanjalo.”

Ngathi, “Ngiqagele yilokho okuzoba yikho.”

⁷⁷ Ngaliphakamisa kanjalo, ihhala, nalawo ma-opozamu amancane, yawavalela ngokushesha impela, futhi yagijima yenyukela phambi komnyango wami futhi yaquleka futhi yaya ngale.

⁷⁸ Khona-ke ngayo iquleka, sayinyakazisa ukwazi ukuthi yayifile noma qha. Wathi, “Khona-ke uzodedela lezozingane ezincane zincele lolobisi oludala kuyo futhi zife ukufa okwesabekayo.”

Ngathi, “Ngiqagele kanjalo.”

⁷⁹ Ngakho usuku lonke abantu beza behamba, ubusuku buyafika, yayisalele lapho. Awu, uMnu. Wood uyenyuka ukuba angisuse esixukwini, engiyisa ekugibeleni okuncane; imibono ikwenza ube buthakathaka. Futhi ngagibela ngaphumela ezweni kancanyana, emva kwesikhashana ngenkathi sibuya cishe

ngeleshumi nanye nqo, nakho kulele umama opozamu omdala elele lapho. Futhi noma ubani uyazi uma yayizoke inyakaze, yayiyonyakaza lapho ilanga selishonile, yayiyosuka ihambe. Kodwa yayilapho-ke ilele lapho. Nomkami wathi, “Billy, uzoyiyekela ife kanjalo na?”

⁸⁰ Ngathi, “Ngiqagele isivele ifile.” Ngathi, “Buka lezozingane ezincane zincipha,” ngathi, “zibulawa yindlala.” Wathi, “Mhlawumbe azikwazi ukuthola ubisi nayo ifile.” Ngayikahlela izikhathi ezimbalwa ngonyawo lwami, ngiyithinta, ngibone ukusineka okuncane eceleni kobuso bayo kanjalo, ngathi, “Ayifile.” Sangena.

⁸¹ UBilly, umfana wami, ungena cishe phakathi nobusuku, kade edoba, futhi wayibona ilele lapho. Ubusuku bonke gulukunqu angikwazanga ukukususa engqondweni yami.

⁸² Ngakusasa ekuseni, ngaphuma kusesekuseni ngempela, ngase ngibuka, futhi nakho kulele i-opozamu yami endala, amazolo phezu kwayo yonke, labo abancinyane besancela. Futhi kwenzeka ngabuka, kumi eceleni kwami, nentombazanyana yami, uRebekah, umntwana kamoya impela, usanda kubona nje umbono wakhe wokuqala esikhathini esincanyana nje esedlule, futhi wathi, “Babayi, uzokwenzenjani ngalowomama opozamu omdala na? Ngabe ufile na?”

⁸³ Ngathi, “Angazi, s’thandwa.” Ngathi, “Ubungafanele ube phandle lapha kuse-eli kangako, gijimela endlini.” Ngathi...?..egqoke amaphijama akhe amadadlana nje. Ngathi, “Gijima ungene endlini futhi uye kolala. Ubabayi uyabuya.”

⁸⁴ Ngangena ekamelweni lami lokuphumula, ngahlala phansi, ngaqala ukuhlikihla ibunzi lami *kanjalo*, ikhanda lami libheke phansi. Angazi ukuthi nicabangani ngalokhu, lokho kukini noNkulunkulu, kodwa Into ethize yathi kimi, “Uzokwenzenjani ngayo na?”

Ngathi, “Angazi.” Bengingacabangi. Ngase ngithi, “O, angifuni ukuyibulala.”

“Ngani,” Yathi, “ushumayele intshumayelo ngayo izolo, ngokuba ngumama wangempela.”

Ngathi, “Yebo, kunjalo.”

“Awu,” yathi, “ibilele emnyango wakho amahora angamashumi amabili nane ilindele ithuba layo ukuba ikhulekelwe, futhi awukaze uthi vu ngakho.”

⁸⁵ Ngathi, “Awu, bengingazi...” Ngathi, “Ngikhuluma nobani, empeleni na?” Nganikina ikhanda lami, ngase ngicabanga, “Lelo bekuyiPhimbo.” Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, Wena uqondisa ukhozi emoyeni ongenandlela yezinyawo, umzwilili ungeke uwele emgwaqeni ngaphandle kwaKho wazi ngawo. Usho ukuthi uhole leyo empofu, i-

opozamu engazi lutho phezulu ezitebhisini lapha na?” Ngathi, “Thethelela inceku yaKho eyisithutha.”

⁸⁶ Futhi ngaphumela lapho, noBecky omncane wayesalokhu ebuka phezulu kwesibambelelo, futhi ngehlele ezansi lapho lapho eyayimi khona, noma, ilele lapho, ngathi, “Nkosi Nkulunkulu ngithethelele, futhi uma Ubufuna ngikhulekele lomama opozamu, futhi Umhole ngokuzibonela ngokwemvelo, akanawo umphefumulo ngoba uyisilwane,” (Niyazi ukuthini? Leyo opozamu yazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma inqwaba yabashumayeli yazi...?...) “futhi ilele lapho,” ngase ngithi, “Nkosi Nkulunkulu, ngithethelele, futhi mayiphile.”

⁸⁷ IBhayibheli lami libekwe livuliwe lapha phambi kwami, ningahle ukuba nikufundile kwi*Christian Business Men*, kwaya ephephandabeni likazwelonke, i-Associated Press: Lowomama opozamu omdala wasukuma, wabutha izingane zakhe eziyisishiyagalolunye, waphuma ngalowomgwaqo ejabule nje ngakho konke, lowomsila wajika ngendlela efanele, futhi waqalaza esangweni sengathi uthi, “Ngiyabonga, mnumzane!” Futhi wasuka waya emahlathini nezingane zakhe.

⁸⁸ Ngokwazi kwami, basesemahlathini bejabule njenganininini. UNkulunkulu uyakwazi lokho ukuthi kuyiqiniso. O, wuthando lwangempela! “UNKulunkulu walithanda izwe kangaka.” Izwe lifuna ukubona into ethize yangokoqobo.

⁸⁹ Nani bantu lapha kulobubusuku, uNkulunkulu u, Wethembele *kini* ukuba niveze uthando lwaKhe esonini. Kukhona okuthize ngowesilisa noma owesifazane, ungumdali omncane. Sewake wababona abantu othandayo nje ukuba ngakubo na? Yisimo sendawo abasidala ngakubo. Abanye, abantu abakahle ongeke nje ume ukuba ngakubo, badala lokho ngendlela abaphila ngayo nangendlela abacabanga ngayo; yisimo sendawo esincane ohlala kuso.

⁹⁰ Ngaphambi nje kokuvala ngingathanda ukusho lokhu, indaba encane nje endala ifika engqondweni yami: Njengoba wonke umuntu azi, ngiyakuthanda ukuzingela. Futhi ngangi, ngangivame ukuzingela enhla eNorth Woods, phezulu eNew Hampshire. O, ngiyathanda nje ukungena emahlathini! Kukhona okuthize mayelana namahlathi okungukumesaba uNkulunkulu. Umuntu angayibuka kanjani imbali, noma isihlahla, noma umfudlana omdala ugeleza futhi azi ukuthi akekho uNkulunkulu na? UNkulunkulu uhlala emvelweni.

⁹¹ Yini eyenza lesosihlahla phezulu lapha eVirginia na? Sinamaqabunga amahle ngesikhathi sasehlobo. Futhi yini eyenza lawomanzi esihlahla agijime ehle aphume kulesosihlahla futhi agijimele ezimpandeni futhi acashele ubusika na? Beka amanzi othini bese ubona ukuthi azokwehla yini ngaleyondlela na? NguNkulunkulu.

⁹² Yini eyenza leyombali encane oyitshalile ngehlobo eledlule efile, isithwathwa siyafika futhi siyibulale, yakhothamisa ikhanda layo elincane yase idela umoya, babenodwendwe lomngcwabo, izimvula zika-Okthoba zakhala, futhi zambela imbewu encane, kuba yiqeqeba lamakhaza, imbewu iqhuma ivuleke, uginindela uphume. Manje akukho-mbewu, uginindela, lutho, kodwa ndawondawo phansi kulowomhlabathi leyo sayensi ingeke yakuthola, kukhona imbewana yokuphila efihliwe, futhi lapho lelolanga liphuma empumalanga, ngaleya, liyophila futhi. Futhi uma uNkulunkulu wayeyithanda kangaka imbali ukuthi Wayenzela indlela yokuba iphinde iphile, Uyenze kakhulu kangakanani-ke indlela yomuntu owenziwe ngomfanekiso waKhe ukuba aphile futhi na? UNkulunkulu usemvelweni; Usothandweni.

⁹³ Ngangizingela eNorthern Woods ngenyamazane idiye nomngane wami. Wayengumzingeli okahle, ngangikuthanda ukuzingela naye. Futhi wayengumlandeli-mkhondo omuhle, wawungadingeki ukuba ucabange ngaye elahleka, futhi sasihamba phezu kwezintaba amamayela angamashumi amathathu ngosuku, phezulu ngaphezu kwezivunguvungu zomoya nandawo zonke, wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye. Wayehlale engumdubuli omuhle nomlandeli-mkhondo omuhle. Ngangithanda ukuzingela naye, kodwa wayeyindoda enonya kunawo onke engake ngayibona, enenhliziyi enonya nje, wayedubula izinyamazane amadiye ezingamasikazi ezincane namazinyane ezinyamazane amancane ukuze nje angenze ngiphatheke kabi. Niyazi ukuthi izoni zinjani. Kungukuzama nje ukubukisa, yilokho kuphela.

⁹⁴ Bayakwenza namhlanje. Abantu bayazi ukuthi ngikuzonda kanjani ukubona owesifazane ebhema osikilidi, nodeveli uthumela wonke obhema usikilidi angamthumela ngakimi ukuba nje abukise. Awubukisi, ukhombisa nje ukuthi wenziwe ngani, yilokho kuphela.

⁹⁵ Manje, futhi lomfo...Kulungile ukudubula izinyane lenyamazane uma umthetho uthi ungaba nalo, kodwa hhayi ukudubula lonke uhide lwawo ukuba nje ubenonya. Izinyane lenyamazane lilungile, u-Abrahama wabulala ithole noNkulunkulu uyalidla. Akulimazi, kodwa ukuba nobubi ngakho! Futhi wayethanda ukukwenza nje ukungenza ngiphatheke kabi.

⁹⁶ Futhi ngomunye unyaka ngenkathi ngenyukela lapho wayezenzele impempe encane. Futhi wayekwazi ukukwenza njengelincane, izinyane lenyamazane likhala. Ngase ngithi, "Bert, awuzukukusebenzisa lokho!"

Wathi, "O, Billy, hlakanipha. Nina bashumayeli ninenhliziyi yenkukhu."

Ngathi, “Qhabo, asinjalo, kodwa nje asinazo lezozinto ezimbi kithi.”

Wathi, “Hlakanipha.”

⁹⁷ Futhi ngalolosuku sazingela kwaze kwaba semini, kwakukhona iqhwa emhlabathini elithi alibe njengoba likhona manje, sasingabonanga ngisho umzila. Awu, kufika isikhathi sokudla kwasemini cishe... Ngangisemva kwakhe, kwakukhona ibala elincane, futhi wathi ukuqoshama phansi, (Manje, nina baseningizimu niyazi ukuthi yini *ukuqoshama*.), futhi ngenkathi enza, ngacabanga ukuthi wayezokhipha ilantshi yakhe, kodwa wayenani na? Lempempe encane. Ngacabanga, “Akazukuyishaya leyo.” Futhi wayishaya, futhi okwangimangaza, hhayi amayadi angamashumi amathathu ukuqhela, inyamazane enkulukazi yensikazi yasukuma.

⁹⁸ Manje, inyamazane yensikazi ingumama wenyamazane idiye. Ngangiyibona imithambo emikhulu ebusweni bayo, lawo amakhulu, amehlo ansundu, nezindlebe ezibukeka zinomusa. Yasukuma, yabheka. Manje, lokho akweywayelekile ngalesosikhathi sosuku, noma yimuphi umfowethu ozingelayo uyakwazi lokho. Futhi waphinda wayishaya, futhi yaphumela obala. Lokho konke ndawonye kuphambene nemvelo yenyamazane idiye, ukuziveza obala kanjalo ngenkathi yonyaka yokuzingela. Futhi yayibuka. Kwakuyini indaba na? Yayingumama, ingane yayo yayisenkathazweni.

⁹⁹ NoBert wabheka phezulu kimi ngalokho kusineka sakunsinsitheka kwangempela. Ngacabanga, “O, impela, Bert, awuzukukwenza lokho!” Futhi ngambona edonsa isigwadlulo, ephosa igobolondo phezulu kuleyo .30-06, futhi walinganisa phansi isibhamu, futhi lapho esekwenzile, inyamazane idiye yabona umzingeli, yadiyazela, yabheka, kodwa yama yathula ngaleyonkathi. Ngokweywayelekile ziyobaleka. Kodwa kwakuyini na? Kwakuyingane esenkathazweni. Yayingakwembathi lokho. Kwakungokwangempela, uthando lukamama lwangoqobo. Futhi imbonile umzingeli.

¹⁰⁰ Futhi ngambona elinganisa lesosibhamu esikhulu phansi; wayengumnembi. Futhi ngacabanga, “Bert, impela ungeke wakwenza lokho!” Ngacabanga, “Komunye umzuzwana uzoqhumisa inhliziyayo yayo iyothi ngqu iphume ngakolunye uhlangothi,” emi esondele kangako nje. Futhi yayibhekisisa, nokho ukufa kwakubhekene nayo, yayisalokhu ingumama, kwakukhona uthando lwangempela kuyo, ingane yayo yayisenkathazweni, uma kwakusho impilo yayo, yayisalokhu iphumile ukuyobhekana nengozi, yayifuna leyangane.

¹⁰¹ Angikwazanga ukukubuka, ngangazi nje noma ngamuphi umzuzu ukuthi wayezoyiqhumisa ibe yizicucu, ngaphendula ikhanda lami, ngacabanga, “O Nkulunkulu, angaba kanjani nonya kangaka na?” Futhi ngangilalele ukuzwa isibhamu

siqhuma, ngalinda ngalinda, kwakungekho kudubula, ngaqalaza, nombhobho wesibhamu wawuhamba *kanje*.

¹⁰² Futhi waphenduka wayesengibuka, waphosa isibhamu phansi, wayesengidumela ngomlenze, wathi, “Billy, sengenele yikho, ngiholele kulowoJesu omaziyo.” Khona lapho kulolosebe lweqhwa, ngaholela leyondoda enehliziyo enonya kuKristu, engongcwele othandekayo kulobubusuku. Kwakuyini na? Ngoba wathola into ethize yangempela, uthando lwangempela olwalungavezwa obala ebusweni bokufa.

¹⁰³ Mngane wami, yilokho uNkulunkulu akufunayo kulobubusuku, lokho—yilokho amaKristu abefanele abe yikho kulobubusuku, ukuveza obala uthando lukaJesu Kristu, kungakhathaleki ukuthi izimo siyini. Cabanga ngakho, njengomKristu ungahle ube ngowebandla elihle kunawo onke elikhona kulelizwe, kodwa ngabe uNkulunkulu uke weza enhliziyweni yakho ukukunika uthando obeluyoma ebusweni babantu okubize ngomgingqiki ongwele, ubuyothatha ukuma kwakho neBandla likaNkulunkulu ophilayo na? Uma bethe ubulahlekelwe yingqondo yakho ngoba uyaMemukela njengoMphulukisi wakho, ubuyolokhu umile futhi unike uNkulunkulu izindumiso. Ngabe lolothando lukini na? Uma kungenjalo, mngane oyisoni nomhlubuki, uNkulunkulu ulapha ukukunika khona. Cabanga ngakho sisakhothamisa amakhanda ethu.

¹⁰⁴ Ngaphambi nje kokuba sikhuleke, ngifuna ukubuza umbuzo, ngifuna nicabange ngobuqotho.

¹⁰⁵ “O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, kade ngi—ngi—ngingumKristu isikhathi eside.”

¹⁰⁶ Mhlawumbe ujoyine ibandla kudala, mhlawumbe u—ungahle ukuba u—usine eMoyeni esikhathini esithile esedlule, ungahle ukuba ukhulume ngezilimi esikhathini esithile esedlule, ungahle ukuba ubhaphathizwe ngesivumokholo esithize ebandleni, ungahle ushise ikhandlela njalo ebusuku futhi usho irosari, kodwa ngifuna ukukubuza okuthize: Ngempela, uyaMthanda ukuthi ungaveza obala uthando lwaKhe uma kume phakathi. . . ukufa kwakho ukwenza kanjalo na?

¹⁰⁷ Ngifuna wonke ophakathi lapha owaziyo ngempela (Yiba qotho, ngoba useBukhoni bukaNkulunkulu.), nonke nina ophakathi lapha phakathi lapha owaziyo ukuthi awunalo lolothando enhliziyweni yakho, kodwa ufuna uNkulunkulu akunike lona, ungasiphakamisa nje isandla sakho kuYe na? Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Impela. Ikhulu namashumi amahlanu, amakhulu amabili, ngiqagele, mhlawumbe izandla ezingamakhulu amathathu ziphakeme. “Nkulunkulu ngiphe lolothando. Ngiphe uthando lukaKristu njengoba lowomama wenyamazane idiye ayenalo.” Kwakuluthando lwakhe nje ngengane yakhe.

108 Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngabe uthando lukaNkulunkulu lukhulu kunalokho na?”

109 Likhulu kude kakhulu. “Umama angayikhohlwa ingane yakhe encelayo, kodwa aNgisoze nganikhohlwa, amagama enu aqoshwe ezintendeni zezandla zaMi.” Impela, ngensinjana ecijileyo yamaRoma. “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe.” Bangabakhona abanye futhi ocabangisisile kusukela ngaleyonkathi na? UNkulunkulu akubusise lapha, ndodana. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kunjalo. Omunye ongaziphakamisanga izandla zakho, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi.”

110 Uthi, “Ngabe kuyangisiza uma ngiphakamisa isandla sami, Mfowethu Branham na?”

Impela, uma ukusho ngempela, kuguquka kusuka ekufeni kuya ekuPhileni.

111 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Yiba qotho manje. UNkulunkulu akubusise, mfana omncane. Kwenye indawo na? Phezulu kuvulandi osesitezi, yebo, uNkulunkulu abe nawe. “UNkulunkulu aphe...” UNkulunkulu akubusise lapho, mfowethu. “Nginike ukuPhila, Nkulunkulu.” O, busiswa. “Ngiyibandla...” UNkulunkulu akubusise, nawe dadewethu, nawe dadewethu. “Ngiyilunga lebandla, Mfowethu Branham,” (UNkulunkulu akubusise.) “kodwa angikalutholi lolothando, asikho isidingo kimi ukuba ngikucabange, ngoba anginalo, kodwa ngifuna into ethize yangempela.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu lapha oncike odongeni.

112 Phandle egumeni, ungasiphakamisa isandla sakho noma yikuphi phandle lapho na? Mngane oyisoni, noma mhlubuki, noma nje obandayo, ilunga lebandla elisivivi. Uthi, “Yiba nomusa.” UNkulunkulu akubusise, mnumzane, lokho kuthatha indoda yangempela ukukwenza, uNkulunkulu akubusise ngakho.

113 Uthi, “Ngabe uNkulunkulu uyabona na?”

114 Impela, Uyakubona. UNkulunkulu akubusise, nsizwa lapha ekupheleni komugqa. “UNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa.” Futhi thina namhlanje (uNkulunkulu akubusise lapha, nsizwa.), sizame nje ukujoyina ibandla, futhi thina, mhlawumbe, simemeza kancane, noma sisine kancane, noma sikhulume ngezilimi. Lokho kulungile, angimelene ngalutho nalokho, kodwa, mfowethu, uma ungenalo uthando lukaNkulunkulu lokuhamba nalokho, akulungile.

115 UPawulu wathi, “Lapho kukhona iziprofetho, ziyohluleka; lapho kukhona izilimi, ziyonqamuka; lapho kukhona ulwazi, luyoshabalala; kodwa lokho okuphelele luthando, lapho selufika luyohlala kuze kube phakade.”

116 Amadoda ezama ukubhala amaculo, ayahlangya. Akekho...
Omunye wake wabhala:

Uma thina ngoyinki sigcwalisa ulwandlekazi,
Nezibhakabhaka zenziwa ngephepha
lesikhumba;
Zonke izinhlanga emhlabeni zazilusiba,
Nawo wonke umuntu engumbhali
ngokomsebenzi;
Ukuloba uthando lukaNkulunkulu Phezulu
Bekuyokomisa ulwandlekazi;
Nombhalo ogoqwayo
wawungenakukuqukatha konke,
Nakuba weluleke usuka esibhakabhakeni uye
esibhakabhakeni.

117 Lapho u—lapho umhlaba udiyazela njengomuntu eza
ekhaya edakiwe, ngamandla e-atomu emnyakazisa, lapho
izilwandlekazi sezizikhalele zona zaba yizingwadule, nesono
sesifinyelele ezindlebeni zikaNkulunkulu, nezinkanyezi zenqaba
ukukhanya, uthando lukaNkulunkulu luyolokhu lufana, alusoze
lwehluleka.

118 UNkulunkulu wakuthanda kakhulu ngangokuthi Wanikela
ngeNdodana yaKhe, ukuze usindiswe futhi ugcwaliswe
ngoMoya, futhi ube nothando lwaKhe luvezwe enhliziyweni
yakho ngoMoya oNgcwele, akwenze uthande wonke umuntu.
Yingalesosizathu amaKristu linokwehla nokwenyuka kwawo
ngendlela enza ngayo. Ngani ubungaba sesiqongweni sendlu
akunandaba ukuthi ukusiphi isimo; uma uthanda uNkulunkulu,
uyazi lapho omi khona.

119 Ngabe ukhona omunye manje ngaphambi komkhuleko na?
UNKulunkulu akubusise, nenekazi phezulu kuvulandi osesitezi.
UNKulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise,
mngane. Kunjalo. Kulungile. Amakhanda ethu ekhotheme.
UNKulunkulu akubusise ezansi lapha, nenekazi. Ngicabangile
nje, “Mhlawumbe umzuzu kade.”

120 Wena uthi, “Mfowethu Branham, kusho ukuthini lokho
lapho uphakamisa isandla sakho na?”

121 Kusho lokhu: Ushaya indiva yonke imithetho yesayense.
Isayense ithi izandla zakho zifanele zilengele phansi, amandla
adonsela phansi abamba izandla zakho phansi, kodwa
uphakamise isandla sakho. Wakwenza kanjani na? Wephule
umthetho wesayense ngoba kukhona umoya kuwe, kukhona
umoya kuwe, nalowomoya wenza isinqumo ukuthi ubunephutha,
futhi uphakamisele isandla sakho kuMdali wakho; ungacabangi
ukuthi Akakwazi.

122 “Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi, naye wonke
ozayo, Ngiyomnika ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse

ngomuhla wokuphela.” Ngukufa nokuPhila lapho uphakamisela isandla sakho kuYe uma ukusho ngempela.

¹²³ “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze aya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

¹²⁴ Phakamisa isandla sakho, uthi, “Nkosi, manje ngiyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, inginika uhlobo lothando, uthando i-Agapao, engiludinga ngempela, futhi ngiyalwemukela eGameni likaKristu.”

¹²⁵ Baba waseZulwini, Usibonile isixuku esikhulu sezandla esendlalelwe phezulu ngasesibhakabhakeni. Futhi ngineqiniso ukuthi iziNgelosi eziqophayo zimi eduze, ngokuba ngiyazi ukuthi Useduze. Futhi Wena wathi, “IziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo,” azisuki, zihlala lapho nje, zenza ikamu lapho, “ngakulabo abaNkulu, nabaMthandayo.” Futhi manje, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzokwemukela ngamunye wabo njengezithelo zomlayezo kulobubusuku, futhi kwangathi bangathathwa ngokuthula nangokuphepha empilweni.

¹²⁶ Futhi ngalolosuku lapho ukufa kugadla, noma kungaba nini, kwangathi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingathwala umphefumulo wazo ziwele iJordani ziye ngakolunye uhlangathi zingene ezifubeni zikaNkulunkulu, lapho abazogcinwa khona kuze kube phakade. Siphe khona, Nkosi.

¹²⁷ Banakekele, bangabaKho, bayizithelo zomlayezo, futhi Ubanika iNdodana yaKho, iNkosi uJesu, njengeziphiwo zothando. Uthando lwakho luthunyelwe emhlanganweni kulobubusuku, lwaveza izoni ezikhalayo, abahlubuki, abaphakamise izandla zabo, manje Ubethula kuKristu, ngokuba bayizipho zothando, futhi Wethembisa ukuthi Uyobapha ukuPhila okuphakade futhi abavuse ngomuhla wokuphela.

¹²⁸ Kwangathi bangaba nokuvezwa obala kothando kusukela kulobubusuku kuqhubeke, uthando lwangempela lukaNkulunkulu, njengoba umama omdala wenyamazane idiye enza esisanda kukhuluma ngaye nje. Siphe khona, Nkosi. Ngokuba ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu iNdodana yaKho. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹²⁹ ...iBhayibheli liyasho ukuthi Unguye manje, khona manje, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina”? Ubani u *ni* na? *Izwe* ngongakholwayo. Ubani u *ni* na? IBandla laKhe. “NiyakuNgibona, ngokuba Ngi,” isabizwana somuntu, “yakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Bangaki okwaziyo lokho na? “Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza.” Anikukholwa lokho na?

¹³⁰ Kulungile. Manje-ke ngenkathi i...Akazange enze lesosibonakaliso phambi koweZizwe oyedwa, umJuda nje

nomSamariya. Ngani na? Lokhu kuyikho impela, ukuphela konyaka wamaJuda, lokhu ngukuphela konyaka wabeZizwe. Leso kwakuyisibonakaliso saKhe njengoMesiya.

¹³¹ Uma Evukile kwabafileyo, Ubophezelekile ukwenza into efanayo manje, Ayenza ngaleyonkathi, noma Wenza okungalungile ngenkathi Ekwenza ngaleyonkathi. Lapho izimo zivuka...Lalelisani: Lapho izimo zivuka, nendlela uNkulunkulu enza ngayo okokuqala, Uzofanele enze ngaso sonke isikhathi ngendlela efanayo, noma Wenza ngokungesikho ngenkathi Enza okokuqala. Kunjalo.

¹³² Ngakho uma leyo kuyindlela Azazisa ngayo Yena uqobo ngaleyonkathi, wethembisa ukuthi Uyokwenza kwabeZizwe, bukani emlandweni, akukaze kube khona kuze kube manje. Bezizwe, nithola ubizo lwenu kokugcina.

Asikhuleke.

¹³³ Manje, Nkosi, konke okunye kukuWe. Ngingakhuluma kuphela iZwi laKho, futhi ngikhulekela ukuthi UzoZibonakalisa kulobubusuku njengeNdodana kaNkulunkulu evukileyo, onguye izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona, Nkosi.

¹³⁴ Bese kuthi-ke esikhathini sokuphela, sikhulekela ukuthi wonke umphefumulo olapha kulobubusuku, uzonakekelwa ngokuphepha, uweliswe umfula wokufa, uvuswe ngosuku lokugcina neNkosi yethu, Esiyohlala naYo, futhi siphile naYo, futhi sibe naYo kuze kube phakade.

¹³⁵ Futhi manje, siyazi Ulapha, Wena wathi, “Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama lami, Ngiyoba phakathi kwabo.” Manje, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzobonakalisa ubuWena baKho lapha kulobubusuku. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

¹³⁶ Besibiza kuphi na? Ini...? U-Y. Kulungile, ikhadi lomkhuleko u-Y. Kade sibiza, ngikholwa ukuthi ubusuku bokuqala amashumi amabili-nanhlanu, bese siya emashumini amahlanu, bese-ke kuba amashumi amathathu, noma okuthize. Asi...Y, ikhadi lomkhuleko u-Y. Yikhadi elincane, lino-Y kulo. Manje, uma ungabiziwe, bamba ikhadi lakho, sizofika kulo.

¹³⁷ Asiqale ku...Ake sithi ukweqa nje, sonke isigejane sawo, siwaxube onke kulobubusuku, sithola nje elinye endaweni eyodwa, nelinye kwenye. Mangaki owanikezile na? Ikhulu. Kulungile.

¹³⁸ Kulungile. Asiqale kusukela ku-Y, wokuqala. Ubani onenombolo yokuqala na? Ukhona onekhadi lomkhuleko u-Y, lokuqala na? Phakamisa isandla sakho. Kukuphi na? Ungeza lapha, nenekazi, lapho engikhona. U-Y, wesibili, ungasiphakamisa isandla sakho na? U-Y, wesibili, inenekazi emuva lapha.

¹³⁹ Manje, abafana bayawehlisa futhi bawaxube onke, bawakhiphele ezethamelini. Izingwazi ezindala, lezo ebezilapha ngaphambili, ziyazi ukuthi sikwenza kanjani. Sehlela lapha futhi sixubanise amakhadi onke, siwanikeze noma ubani owafunayo. Akekho owaziyo ukuthi umugqa womkhuleko uzoqala kuphi, size siqonde ngqo kulokho kulobubusuku, khona-ke ngezinye izikhathi siqala indawo *eyodwa* noma *enye*, futhi siwaxubanise, nakho konke.

¹⁴⁰ Kulungile. U-Y, wesibili, wesithathu. U-Y, wesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Elesithathu, indoda. Elesine, ungasiphakamisa isandla sakho na? U-Y, elesine. Umnumzane ohloniphekile emuva le lapho. Ungeza lapha, mnumzane na? Kulungile. Niyabo, basesakhiweni sonke. U-Y, elesihlanu, ungasiphakamisa isandla sakho na? U-Y, elesihlanu. Khona lapho ekugcineni. Woza lapha, mnumzane.

¹⁴¹ Kulungile, asime manje, asiye kwenye indawo. Asiye ku-Y, amashumi amahlanu. Ubani ono-Y, amashumi amahlanu na? Phakamisa isandla sakho. U-Y, amashumi amahlanu. Noma yikuphi esakhiweni na? Ngemuva na? Omunye uthe kungemuva. Yima . . . O, nakhu la ukhona. Kulungile, mnumzane, woza lapha.

¹⁴² U-Y, amashumi amahlanu, u-Y, amashumi amahlanu-nanye. Kulungile. U-Y, amashumi amahlanu-nanye, u-Y, amashumi amahlanu-nambili. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Amashumi amahlanu-nambili, amashumi amahlanu-nantathu, amashumi amahlanu-nantathu. Kulungile. Woza khona lapha. Amashumi amahlanu-nane. U-Y, amashumi amahlanu-nane, amashumi amahlanu-nanhlanu. U-Y, amashumi amahlanu-nanhlanu, phakamisa isandla sakho. Angiwuboni.

¹⁴³ Kulungile asishiye amashumi amahlanu khona-ke, asiye e, ake sithi u-Y, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu. Ubani ono-Y, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho. U-Y, amashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu. Lapha. Kulungile. Noma ngabe kukuphi, woza. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha, amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha. Kulungile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa ngiyacela. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, ikhulu.

¹⁴⁴ Lokho nje kubaxubanisa bonke, konke e . . . Asikhathali ukuthi ubani omayo, kungumqondo nje wokuthola umuntu lapha emsamo.

¹⁴⁵ Manje, ngizonibuza okuthize: Manje, niyasiqonda isikhundla lapho engimi khona na? Ngashumayela intshumayelo yeVangeli, hhayi kakhulu kangako ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ngoba into enkulu ngumphefumulo

phambi kukaNkulunkulu, yilokho esikukhonela lapha, ngukuthola abantu basindiswe, sibalungise noNkulunkulu.

146 Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu nje kuyi—yinzuzo ehambisana nepholisi yomshwalense wakho wokuPhila. Kuyinzuzo nje. Njengoba uDavide athi, “Ayibusiswe iNkosi, O mphefumulo wami, futhi ungakhohlwa imisebenzi yonke yaYo yomusa.” Bangaki okwaziyo lokho na? Yenzani na? “Othethelela bonke ububi bakho; Ophulukisa zonke izifo zakho.” Ngabe Wakusho lokho na? Leyo yinzuzo ehambisana nakho.

147 Manje, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade; ngifuna ukwazi ukuthi bangaki kini abakukholwayo lokho. Indlela Ayeyiyo izolo, umgomo, amandla, ukwenza, imisebenzi, nakho konke, Uzofanele afane namhlanje uma Esenguye. Bangaki okwaziyo lokho na? Kulungile. Unguye, izolo, namuhla, naphakade.

148 Manje, uma nizohlonipha ngokuzithoba ngempela kancanyana nje, ningayaluzi manje, hlalani nithule ngempela nje. Bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho, awunalo ikhadi lomkhuleko. Ayikho indlela yokusho nje ukuthi kukuphi kukuphi, nokuthi ubani ungubani. Kulungile. Uma nizobheka ngapha, uma ugcobo lweNgelosi yeNkosi lufika, uKristu. . .

149 Bangaki osibonile isithombe sakho, manje na? Unaso isithombe lapha. Kulungile. Kulapha eWashington, DC, iHholo lezeNkolo lobuCiko, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake safakazelwa yiFBI, kumbe noma yini enye, ukuba kufakazelwe ngokwesayense ukuthi isiDalwa esingaphezu kwemvelo yenza isithombe saSo sithathwe.

150 INSika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, bangaki owaziyo ukuthi leyoNsika yoMlilo yayinguKristu, nina bafundi beBhayibheli na? Bangaki abaziyo ngenkathi Elapha emhlabeni Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu.” Bangaki okwaziyo lokho na? Futhi ngenkathi Ebuyela kuNkulunkulu, uPawulu wahlangana naYe emva kokuvuka kwaKhe endleleni eya eDamaseku. Wayeyini na? INSika yoMlilo futhi, ukuKhanya okwakhapha amehlo akhe. Ngabe kunjalo na?

151 UPetru esakhuleka, UFika njengokuKhanya e—etilongweni, wangena, wamkhulula, wavula amasango phambi kwakhe, wamkhapha. Ngabe kunjalo na? Unguye izolo, namuhla, naphakade.

152 Kuzokwenzani na? Noma yimuphi umoya, noma yini, noma yikuphi ukuphila kuzozifakazela khona. Manje, uma leyoNgelosi kaNkulunkulu, isithombe saYo enisibona lapha, uma leyoNgelosi kaNkulunkulu ingekaKristu, Iyothela imisebenzi kaKristu. Bangaki okwaziyo lokho na? Iyothela

imisebenzi kaKristu. Uma kungayitheli imisebenzi kaKristu, khona-ke akusuye uKristu.

¹⁵³ Ukuba benginomoya kaJohn Dillinger, bengiyoba nezibhamu, bengiyoba yisimilo esimangalisayo. Noma yimuphi umoya oyiwo, yilokho okufakazela ubufakazi bakho.

¹⁵⁴ Manje, uma ngithe bengingakuphulukisa, bengiyobe ngikutshela okuthile okungalungile, angikwazi ukukuphulukisa. Kuyini na? Yisiphiwo enginaso uNkulunkulu angipha sona; hhayi umuntu othize owabeka izandla phezu kwami, lokho akusebenzi. “Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Uzalwa nazo empilweni yakho yonke, iBhayibheli lasho njalo. Niyabo?

¹⁵⁵ UMose wazalwa engumprofethi; UJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi-nambili ngaphambi kokuba azalwe, wayeyizwi lomemeza ehlane; uNkulunkulu watshela uJeremiya, “Ungakakhulelwa ngisho nasesizalweni sikanyoko, Ngakwazi, ngakungcwelisa, futhi ngakubeka umprofethi ezizweni.” Niyabo? Wukhetho lukaNkulunkulu, ubizo, hhayi ukuthi ungcono kunanoma ubani omunye, sonke siyafana, singabantwana nje, kodwa uNkulunkulu ukhethe abanye ukuba babe yinto *eyodwa* nabanye *enye*. Futhi uma ufika lapho uNkulunkulu akukhethela khona, khona-ke ungazinikela wena uqobo, nalowomoya uzosebenza ngawe.

¹⁵⁶ Njengalababefundisi nje lapha, awu, babizwa ngabashumayeli, abasukumi lapha ukuba bashumaye, ba...Angisuye umshumayeli, bengegeke ngisho ukuthi ngangingumshumayeli, ngoba anginamfundo. Kodwa lawo indoda lapho ibingasukuma lapha futhi ishumaye, ukushumayela kwawo—kwawo, kuphefumulelwe, azinikela eMoyeni kaNkulunkulu, anendlela yokwenza lokho.

¹⁵⁷ Kuqala yini na? Abaphostoli, bese kuba abaprofethi, bese kuba abafundisi, bese kuba abavangeli, bese kuba abelusi, wonke umuntu uyakwazi lokho, lokho yizikhundla zebandla, uNkulunkulu uyababeka. Manje, uma impikiswano yethu iqinisile, noJesu Kristu uvusiwe kwabafileyo, futhi lesi yisipho sokuzinikela ukuze Azosebenza, Uzofakaza ngaYe.

¹⁵⁸ Nakhu kumi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Bangaki phakathi lapha oyizihambi ngokuphelele kimi na? Phakamisa isandla sakho, isihambi ngokuphelele, angikwazi. Nonke emgqeni womkhuleko engingamazi, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Nakho lapho esikhona. Izihambi ngokuphelele, angazi nasinye sazo.

¹⁵⁹ Inenekazi liphakamise isandla salo, ngiphakamise isandla sami, asikaze sihlangani. Manje phuma ngqo lapha umzuzu nje, nenekazi, ngifuna izethameli zibone. Manje, lokhu akukho ekamelweni elimnyama, njengoba udeveli

ubengenza, lokhu kuphandle lapha ngqo phambi kwenu nonke. UNkulunkulu unguNkulunkulu wokukhanya, Uphila ekuKhanyeni, UnguMlilo oqothulayo.

¹⁶⁰ Manje, inenekazi nami asikaze sibonane, angilazi, alingazi.

¹⁶¹ Wena uthi, “Mfowethu Branham, ubambezelelelani na?”

¹⁶² KungaleyoNgelosi yeNkosi. Uma Ingagcobi, khona-ke ngingenze lutho, Yiyo. Uma ngizithola mina uqobo e—ekukhulumeni eZwini, ngizinikela kuMoya, khona-ke Uyasebenza.

¹⁶³ Manje, uma ngithe kwabesifazane... Angahle abe ngumphikinkolo, angahle abe ngumzenzisi, angahle abe ngunondindwa, angahle abe ngo—ngongcwele, angahle ukuba uyagula, angazi lutho ngaye, angikaze ngimbone, kodwa uNkulunkulu uyamazi.

¹⁶⁴ Manje, noma ngabe uyini, uma ngenyukele kuye, ngase ngithi, “Nenekazi, uyagula.”

“Yebo.”

¹⁶⁵ “Mayibongwe iNkosi, uzophulukiswa,” usanda kuthola izwi lami ngalokho. Uthe, “Ubengakuqagela lokho.” Kodwa uma uMoya oNgcwele uzobuyela phansi empilweni yakhe futhi umtshale okuthize, noma ngabe uyazi... Uzokwazi ukuthi lokho kuqinisile noma qha, khona-ke lokho kuzofanele kube nguNkulunkulu, bekuzofanele kube njalo.

¹⁶⁶ UJesu wathi Uyo... Wakwenza lokho, bonke abakhonzi beqiniso bakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu ngoba Wenza lokho. Abaphostoli ekugcineni basho lokhu: “Siyakholwa manje ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Awuna... Wazi zonke izinto, awunasidingo sokuthi noma yimuphi umuntu ufanele aKufundise, futhi ngalokhu wena, ebona imicabango yabo futhi azi lezizinto, siyazi ukuthi Wathunyelwa uvela kuNkulunkulu.”

UJesu wathi, “Seniyakholwa manje na?” Emva kwazo zonke lezozinto Ayezenzile!

¹⁶⁷ Manje, uma inenekazi, lazi lokhu manje, uma iNkosi uJesu izokwenza into efanayo lapha Eyayenza emthonjeni waseSamariya, bangaki kini abazokholwa ngayo yonke inhliziyu yenu na? Kulungile, manje.

¹⁶⁸ Manje, yima khona lapho, dade, ngoba angazi ukuthi iphimbo lami lizwakala kakhulu kangakanani. Manje, wonke olawula lokho lapho, bhekisisani, ngoba lapho ugcobo lukaMoya oNgcwele lufika, angazi ukuthi kuzwakala kakhulu kangakanani... kukwelinye izwe futhi uyakhuluma futhi u—ungeke washo.

¹⁶⁹ Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Inenekazi malibe ngumahluleli. Uma noma ubani... Ukhona lapha owazi lona

besifazane na? Ngabe ukhona noma ubani esakhiweni na? Yebo, kunabantu emuva phezulu lapho ngemuva abamaziyo. Kulungile. Abantu abamaziyo, kulungile, niyazi ukuthi lokhu kuyiqiniso noma qha.

¹⁷⁰ Asikhuleke nje manje. Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Niyaqonda lapho engimi khona, ngizama ukumela uNkulunkulu onithandayo, ngizama ukuletha isibindi kini, ukuba niMthande, nokuhlala naYe, nokukholwa kuYe, nokuMethemba, yilokho kuphela Akwenzela khona. Akadingi ukuba akwenze, kodwa Uyakwenza ukuze iZwi laKhe ligcwaliseke. Akaphulukisanga emuva lapho ngoba Wayefanele, kodwa ukuze kugcwaliseke, lokhu kuyafana.

¹⁷¹ Kusobala ukukubona uneBhayibheli esandleni sakho, kusobala ubungabe nje ulibazisa ngalokho, kodwa awunjalo, ungumKristu, uyikholwa. Manje, a—angikwazi, kodwa manje, njengoba nje uJesu akhuluma emthonjeni—emthonjeni, noma abesifazane emthonjeni, njalo, manje-ke. . .

¹⁷² Manje uyazi ukuthi kukhona okwenzekile ngaso lesosikhathi uyabo. Kunjalo. Lokho. . . Usibonile isithombe saLokho, nenekazi na? Awu, Yilokho nje okukwenza uzizwe ngendlela oyiyo. Ukuba izethameli kuphela bezingabona, nenekazi, kukhona ukuKhanya okumi phakathi kwalo nami.

¹⁷³ Manje, libonakala lihamba lisuka kimi, kancane. Lihlushwa yisimo sokwethuka okukhulu kakhulu elifuna ngikukhulekele. Yiqiniso lelo. Manje, ngokuthi abesifazane ubeqhaqhazela, ngimbonile, wenza lokho kaningi impela, ungaleyondlela, ube ngaleyondlela isikhathi eside, kwaqala ngokuya esikhathini, ngoba ungowesifazane obukeka emncane ngenkathi kuqala. Niyabo?

¹⁷⁴ Manje, umzuzwana nje, ake sikhulume naye kakhudlwana futhi sibone uma noma yini enye. Niyabo? Yebo, ngaphandle kwalokho, unenkathazo ebuhlungu ohlangothini lwakho, futhi unenkathazo yangaphakathi. Naleyonkathazo yangaphakathi yisimo samathumbu, futhi ube nokuhlinzwa kwalokho, futhi yilokho okukubangela ubuhlungu. Awusuye owakulelidolobha, uvela kwelinye idolobha, leyo yiRichmond. Hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

¹⁷⁵ Uma Ayazi ukuthi kwakuyini, Impela uzokwazi ukuthi kuzoba yini.

¹⁷⁶ Sawubona? Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje, ahloniphe ngokuzithoba ngempela ngiyacela, gcinani izihlalo zenu nje manje, yibani nikhuleka nje.

¹⁷⁷ Ngabe siyizihambi komunye nomunye, nenekazi na? Siyizo. Lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. UNkulunkulu usazi sobabili. Uma Ezongembulela njengoba Enza eBhayibheleni ngeNdodana yaKhe, uJesu. . . Futhi manje, iNdodana yaKhe yayi, yafa ukuze uMoya ukwazi ukubuyela

ezonini njengami nawe, ukwenza umsebenzi kaNkulunkulu, ukuqhuba umsebenzi. Uyakukholwa lokho na?

178 Wathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, negatsha lizothela uhlobo olufanayo lokuphila olusemvinini. Lelo yiqiniso akunjalo na? Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwembula.

179 Uhlushwa yinto ethize ekulimazayo engxenyeni engaphambili lapha, esifubeni, ingaphansi kwesokudla sakho, yinkathazo yenyongo. Akusikho lokho kuphela, kodwa unenkathazo yesisu, lokho kungenxa yokuphuma ngokweqile kwe-asidi.

180 Futhi awusuye owakulelidolobha, awusuye owakulesisifunda, indawo...eMaryland. U...igama lakho nguNkk. Bessie Wilmington. Yilokho-ke. Ngiyabonga. Manje hamba ngendlela yakho uye ekhaya futhi uthokoze futhi ujabule, futhi ubonge uNkulunkulu.

181 Uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. Hlonipha ngokuzithoba ngempela, futhi khona-ke kholwa kuphela, uNkulunkulu uzokupha khona, mfowethu.

182 Manje, nina phandle lapho ezethamelini, ngokufanayo nje. Uqala ukubuka ngapha, ungangabazi, susa izinkolelo-ze manje, futhi uthi, “Nkosi Nkulunkulu, lowomshumayeli usanda kungitshela nje ngokweZwi laKho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Angikho phezu lapho, anginalo ikhadi lomkhuleko, anginakhadi lomkhuleko, kodwa uthe ubungumPristi oMkhulu, onguye izolo, namuhla, naphakade, nokuthi ngingaKuthinta ngokuzwelana nobuthakathaka bami, ngakho, Nkosi Jesu, ngikholwa ukuthi okushiwo yindoda kuyiqiniso, futhi ngiza kuWe manje, futhi Kufakazise kimi ukuthi Usafana, futhi ngizoKucela ukuba ucele...ukuba uthi kuMfowethu Branham, phenduka futhi ungitshele okuthize ngami uqobo, ngihlezi phandle lapha ezethamelini,” noma yikuphi esakhiweni. Yiba qotho manje, ubone ukuthi Uzokwenza yini. Yiba qotho nje, ungangabazi.

183 Sawubona, mnumzane? INkosi uJesu Kristu iyasazi. Kimi uyisihambi, ngokwazi kwami angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela, mnumzane na?

184 Ukhona oMthintile. Kukhona umoya okulendoda, okomunye umuntu phakathi lapha. Ngumntwana, umfana omncane, ulokhu ebonakala lapha, isibhono esiphindwe kabili, umntwana ohlezi khona lapho.

185 Unesibhono, futhi, kunjalo impela.

¹⁸⁶ Niyawubona lowomoya obucabanga ukuthi angazedlulela nalokho na? Niyabona ukuthi lawomademoni azama kanjani ukudonsana, amemeze, akhalele usizo na?

¹⁸⁷ Ngilandele lowomushwe omnyama futhi ngakubona. Manje, ubuhlezi lapho ukhuleka, ubungenjalo yini, mnumzane na? Uthe uma uNkulunkulu... lokho nje engikutshele khona, yilokho-ke. Ungangabazi, kholwa. Yebo, mnumzane. Unesibhono. Futhi ngibonile ndawondawo, kubonakala sengathi ungaphansi kokuhlinzwa noma okuthize, yinkathazo yendlala yesinye, ube nokuhlinzwa ngakho, inkathazo yendlala yesinye. Awusuye owakulelizwe nawe, kubukeka njengeMaryland kimi. Ngibona indoda ngakuwe, ikukhulekela, ngumfo omude, oqhothile, ifaka izibuko. Ungumfundisi, futhi ngumfowenu okukhulekelayo, ongumfundisi. Futhi unguMfundisi D. T. Park ohloniphekile. Kunjalo. Mnumzane, hamba, futhi uNkulunkulu abe nawe.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

¹⁸⁸ Wena, nenekazi, osanda kuba, uzwe uMoya kaNkulunkulu kuwe, lowomfutho wegazi ophakeme obuwohulekela, kholwa ngayo leyonkathi ngalokho kuKhanya phezu kwakho, kuzokushiya.

¹⁸⁹ Uthinteni na? Uthinte bani na? UmPristi oMkhulu, hhayi mina, ukude kakhulu nami. Niyakholwa nonke na? Uthinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. “Uma ukholwa, konke kungenzeka.”

¹⁹⁰ Sawubona, mnumzane? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala yikho na?

¹⁹¹ Ucabangani, nenekazi na? Uyakukholwa lokhu ukuthi kuyiqiniso na? Yebo? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulesosifo sikashukela na? Lesosimo sokukhubazeka na? Yima ngezinyawo zakho futhi uphiliswe manje...?...

Uyakholwa na? Zonke izinto! Mkholwe nje.

¹⁹² Mnumzane, uma uJesu Kristu evukile kwabafuleyo, futhi unguye izolo, namuhla, naphakade... Ukukuphulukisa, bengenkeke. Ukukusiza, futhi uma bengenakwenza futhi ngingakwenzi bengiyoba ngumuntu omubi kabi, bengenkeke ngibe nothando ebengishumayela ngalo kulobubusuku, qhabo, bekuyobangcono ngihambe ngizitholele mina uqobo ngaphambi kokuba ngitshele abanye.

¹⁹³ Kodwa Uziveze Yena uqobo eBandleni laKhe. Akunandaba ukuthi Ungigcobe kangakanani, uma ungakukholwanga, bekungeke kusebenze. Akusimina owenza lokhu, ngukukholwa kwakho uqobo kwenza lokhu. Ngukukholwa kwakho ukholwa uNkulunkulu okukwenzayo, njengoba kwakunjalo eNdodaneni kaNkulunkulu, ngoba YayinoMoya ngaphandle kwesilinganiso,

ngisanda kuthola isipunu esincane esigcwele sawo, njenge—ngesipunu esigcwele samanzi aphuma olwandlekazi, kodwa amakhemikhali afanayo esipunwini esigcwele akulo lonke ulwandlekazi, uhlobo olufanayo. Kodwa WayeyiNdodana kaNkulunkulu, ngiyisoni esisindiswe ngomusa. Kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza lokhu, futhi Uyaligcina iZwi laKhe.

¹⁹⁴ Ufuna ngikhulekele isimo sokwakho... esikhathaza amehlo akho, yisimo sesikhumba esiqubuke kuwe, futhi sizoya emehlweni akho, sivimba amehlo akho. Lelo yiqiniso. Awusuye owakulelizwe nawe, ungowasendaweni, yiNorth Carolina. Futhi igama lakho nguMnumzane C. T. Campbell. Manje buyela ekhaya futhi usinde.

“Uma ukholwa, konke kungenzeka.”

¹⁹⁵ Sawubona, mnumzane? Lokhu ukuhlanguka kwethu kokuqala, ngiyethemba. Angikaze ngikubone ngaphambilini, kodwa uNkulunkulu uyakwazi, Akakwazi na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo, mnumzane, okwenzayo lapha. UNkulunkulu akubusise. Usibekelwe ukufa, ngoba ubuthakathaka ngempela manje, futhi ube nokuhlinzwa nje evikini eledlule noma amabili, nalowo bekungumdlavuza, nalowomdlavuza ubusendlaleni. Uyakholwa na?

¹⁹⁶ Akusikho lokho kuphela, kodwa owesifazane ubonakala eceleni kwakho, ulapha kulobubusuku, ngiyamuzwa manje, edonsa. Lowo ngumkakho, futhi uvuvukele wonke, futhi wesaba umdlavuza, naye. Hamba ubeke izandla zakho phezu kwakhe, futhi nobabili niphulukiswe, eGameni leNkosi uJesu.

“Uma ukholwa, konke kungenzeka.” Uyakholwa na?

¹⁹⁷ Sawubona? O, ungumfowethu ongumMennonite nebhantshi lakho. Ngiyakuthakasela ukumela kwakho uKristu. Nginamakhulu abangani abangamaMennonite. Kungenzeka umazi uCarl Boyd na? Ungumngane wami omuhle kakhulu, abaningi babazalwane bangamaMennonite.

¹⁹⁸ Angisoze ngakhohlwa, eFort Wayne ngobunye ubusuku nganginenkonzo, intombazane engumMennonite yayidlala upiyo, futhi baletha umfana omncane kimi owayekhazekile. UMoya oNgcwele wawukade umtshela ngesimo esakubangelayo, futhi ngenkathi Ummemezela ukuthi uphilile, intombazane engumMennonite yayidlala elithi *INyanga ENkulu Manje Iseduze*, nomfanyana wagxuma waphuma ezingalweni zami futhi wagijima esuka emsamo, umama waquleka, intombazane yagxuma yaya phezulu, futhi lezozinkinobho zamazinyo endlovu zaqhubeka zidlala, “INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo.” Amakhulu ngamakhulu ehlezi ezethamelini. UKristu usaphila.

¹⁹⁹ Siyizihambi komunye nomunye, uNkulunkulu usazi sobabili. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela lokho okufunayo kuYo, ubungakholwa ukuthi Izokunika khona na? Ngiyabonga, mnumzane. Khona-ke ngikhulekela ukuthi ukuthole okucelile. Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu ongekho lapha, ngowesifazane, futhi ubulawa ngumdlavuza. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa manje na? Ungaba nakho okucelile.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

²⁰⁰ Umzuzwana nje...?...Kukhona okwenzekile ezethamelini. Kubonakala sengathi kukhona owesifazane...Yebo kunjalo, lona wesifazane ohlezi khona phakathi lapha, uhlobo lobuso obubomvu, uyakhuleka. Unenkathazo yamankanka, futhi ufuna iNkosi imphulukise. UyaMemukela njengoMphulukisi wakho, dadewethu na? Uyamemukela na? Uma umemukela, ungaba nakho oMcele khona uma ungakholwa. UNkulunkulu akubusise.

²⁰¹ Lapha. Ngikhholwa ukuthi owesifazane ukugejile, ngoba iNgelosi imshiyile khona manje. Iya komunye ohlezi khona lapha ekugcineni onesifo sethumbu elikhulu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulesosifo sethumbu elikhulu na? Kulungile, unokuphulukiswa kwakho.

²⁰² Niyabo Ushiyile futhi wasuka komunye waya komunye...?...Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi. Nonke ningaphulukiswa. Niyakukholwa lokho na?

²⁰³ Khona emva kowesifazane, kuhlezi umuntu wesithathu phakathi, khona impela ohlwini olungemuva, uyakhuleka, unokuthile okungalungile entanyeni yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Yima ngezinyawo zakho khona-ke, unokuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise...?...

²⁰⁴ Nginiphosela inselelo eGameni likaKristu ukuba nikukholwe! Niyakukholwa na? Manje yenzani lokhu-ke: Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Asi...?...Asikhuleke nje sonke lapha. Wonke umuntu angaba nokuphulukiswa kwabo. Bekani izandla zenu khona manje. Yilokho-ke. Asingene emoyeni wokukhonza manje.

²⁰⁵ Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ngiyamlahla udeveli!

²⁰⁶ Phuma lapha, Sathane! Shiya abantu, manje qhubeka! 

58-0314 UThando
ENational Guard Armory
EHarrisonburg, EVirginia E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org